basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NHLABA/NHLANGULANA 2026

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-14.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emva KWESIQEPHU NGASINYE.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo kahle ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha lemibuzo.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

ISIQEPHU A:	Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B:	Imizuzu engama-20
ISIQEPHU C:	Imizuzu engama-50

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

IZINKAWU ZINGAKUMANGAZA

1 Umhlaba wethu unezilwane eziningi ezahlukahlukene. Kukhona izilwane zasendle, ezifuywayo neziqoqwa zigcinwe eziqiwini. Kulezi zilwane zasendle kunalesi **esingundabuzekwayo** esibizwa ngokuthi inkawu. Izinkawu zidume ngokuhlupha abantu emakhaya, emsebenzini, ezikoleni ngisho nasezibhedlela imbala. Izinkawu zavela ezwenikazi lase-Afrika, zase zisabalala umhlaba wonke jikelele. Abacwaningi bathi izwe lokuqala ezaya kulo zisuka e-Afrika kwaba yiSouth America zase zidlulela ezwenikazi lase-Asia. Esikhathini samanje sekukhalwa ngazo umhlaba wonke.

2 Imvelaphi yezinkawu icishe ifane neyabantu. Izinkawu nazo zizala abantwana zibanakekele njengoba kwenzeka kubantu. Isibalo sezingane ezizalwayo ngesikhathi esisodwa sihambisana nokuthi leyo nkawu iluhlobo luni. Izinkawu zinakekela izingane zazo isikhathi esingaba izinyanga eziyi-18 kuya eminyakeni emibili. Lokhu kunakekela kuthinta ukuncelisa, ukuvikela, nokufundisa amakhono ahlukene. Ekukhuleni kwazo zivamise ukuhamba ngamaqembu okuyikhona okuqinisekisa ukuvikelana kwazo. Zinendlela yokutshelana ukuthi kumele ziye ngakuphi uma zifuna ukudla. Ngesikhathi impilo yazo isengozini, leyo ebone kuqala ibanga umsindo ohlukile ukuxwayisa ezinye. Lokhu kukhombisa ukuhlakanipha okukhulu kwalezi zilwane.

3 Ngokocwaningo kuthiwa inkawu inobuhlakani obuyisimanga. Kwamanye amazwe sekuze kwaba namakolishi aqeqesha izinkawu ukuthi zikwazi ukusiza abantu abakhubazeke ngokwezandla. UJudi Zazula onguMqondisi weHelping Hands Monkey College uthi bazifundisa ukuphendula izingcingo, ukusebenzisa i*remote* kamabonakude, ukufunza abantu abakhubazekile ukudla kanye nokubanwaya emzimbeni uma kunesidingo. Uthi zingakwenza konke okwenziwa abantu uma ziqeqeshwe kahle. Kuleli kolishi kunenkawu ehlakaniphe kunazo zonke ebizwa ngokuthi ngu-Ayla. U-Ayla uyinkawu ethanda kakhulu ukufunda amabhuku.

4 Izinkawu nakuba zinobuhlakani njengabantu kodwa zibuye zibe wuhlupho emphakathini. Abantu abakutholi ukuphumula ezindaweni zasemakhaya ngenxa yezinkawu. Lapho kutshalwe khona zingena emasimini zidle izitshalo ezinjengommbila kanye nezithelo. Intandokazi yazo ubhanana. Abantu emakhaya bayazesaba ngoba ziba nolaka uma sezilambile. Basizwa ukubeka izithusankawu emasimini ukuze zethuke, zibaleke ngoba zisuke zicabanga ukuthi kunomuntu oqaphe insimu.

Ezindaweni zasemadolobheni khona **sekuyinsakavukela umchilo wesidwaba** ukubona izinkawu zigcwele lonke igceke. Okumangazayo sezazi ukuthi amakhishi emizi yabantu angakuphi. Zingena ziqonde ngqo emafrijini zithathe ezikufunayo, zishiye **indlu ibheke phezulu**. Zinomkhuba wokuqhamuka ziyiqembu kule ndawo ezijwayele ukuthola kuyo ukudla bese ziba yinkinga kubo bonke abantu abasuke belapho.

5 Ezikoleni kanye nakwezinye izindawo okusetshenzwa kuzo kunenkinga enkulu yokuhlaselwa yizinkawu. Ezikoleni zingena ngamawindi uzwe izingane sezichwaza emakilasini bese kuphazamiseka isikhathi sokufunda. Ngezikhathi zamakhefu abafundi badla ukudla kwabo ngokwesaba ngoba izinkawu sezikwazi nokuvula izitsha zabo zizitike ngokudla okuphakathi. Ezindaweni zokusebenza sekuyaziwa ukuthi amawindi kumele ahlale evaliwe ukuvimba ukungena kwezinkawu ngoba zenza umonakalo. Kuyenzeka emsebenzini kuduke izinto ezibalulekile ezifana nezikhiye kanti zithathwe yizinkawu zakulahla le. Abasebenzi bagcina bexabana bodwa becabanga ukuthi kuntshontshiwe noma kukhona okufihlile.

6 Ucwaningo lusivezela okuningi ngobunye ubungozi bezinkawu okuphathelene nezempilo. Izinkawu zinobungozi obukhulu ezimpilweni zabantu ngenxa yamagciwane eziwathwele. La magciwane angaholela ezifweni ezifana nesifo sofuba, i*shigellosis,* i*hepatitis* nezinye eziningi. Abacwaningi baphinde bathi ungayibuki inkawu emehlweni futhi unganyakazi uma ubhekene nayo ngoba icabanga ukuthi uzama ukuyihlasela bese ikuhlasela kuqala. Umuntu onezinwele ezinde usengozini yokuthi zimdonse ngazo uma zimhlasela. Kubalulekile ukuthi uma kwenzeka ikulimaza uphuthume ugeze inxeba ngamanzi nensipho ukuvimbela ukusabalala kwamagciwane. Odokotela bathi kufanele uthole usizo oluphuthumayo lwezempilo. Kumele uthole nokwelulekwa ngokomqondo ngoba lesi siwombe singakuhlukumeza emoyeni.

7 Kuhle ukuthanda izinkawu kodwa kumele kube nendlela ezingalawulwa ngayo ukuze abantu bakwazi ukuphila nazo.

[Umbhalo osuselwe ocwaningweni wahunyushwa]

1.1.1 Nikeza indawo eyodwa lapho izinkawu zihlupha khona abantu ngokwesigaba soku-1. (1)

1.1.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe echaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Kulezi zilwane zasendle kunalesi **esingundabuzekwayo** esibizwa ngokuthi inkawu:

A Bonke bayayithanda.
B Bonke baxoxa ngayo.
C Bonke bayayifuna.
D Bonke bafunda ngayo. (1)

1.1.3 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okufanayo phakathi kokwenziwa yizinkawu nabantu ngokwesigaba sesi-2. (2)

1.1.4 Yini eyenziwa izinkawu ukuvikelana uma zisengozini? (2)

1.1.5 Yiluphi usizo abantu abakhubazekile abalunikezwa izinkawu? Bhala OKUBILI. (2)

1.1.6 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A		IKHOLOMU B	
(a)	U-Ayla	A	Izinkawu zadlulela khona zisuka e-Africa.
(b)	I*shigellosis*	B	UMqondisi weHelping Hand Monkey College.
(c)	iSouth America	C	Isifo esidalwa amagciwane ezinkawu.
(d)	uJudi Zazula	D	Uhlakaniphe kunazo zonke izinkawu.

(4 x 1) (4)

1.1.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni:

(a) Ezindaweni zasemadolobheni **sekuyinsakavukela umchilo wesidwaba**. (2)

(b) Izinkawu zishiye nendlu **ibheke phezulu**. (2)

1.1.8 Kunamthelela muni ukufika kwezinkawu ezikoleni? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)


1.1.9 Kubaluleke ngani ukuthi umuntu ohlaselwe yinkawu athole ukulashwa ngokwengqondo? (2)

1.1.10 Ngokucabanga kwakho yikuphi okungenziwa izikole ukuvikela abafundi kulezi zinkawu ezikoleni? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.1.11 Kuyadingeka ukuthi izinhlobo zezilwane zigcinwe eziqiwini. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.2 Bukisisa UMBHALO B bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Isuselwe ocwaningweni yase ihunyushwa]

1.2.1 Yini esebenzisa amanzi kakhulu ngokwale grafu engenhla? (1)

1.2.2 Nikeza isizathu sokuthi ukuxubha amazinyo kusebenzise amanzi amancane. (1)

1.2.3 Ngokwale grafu yikuphi okungakongela amanzi uma uwasha izingubo? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.4 Phawula ukuthi kungani iphesenti lamanzi aphuma empompini ovuzayo lingafakiwe kule grafu? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa UMBHALO C bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale **ngohlobo lwabangani ongabadingi empilweni yakho**.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

UMBHALO C (OFUNDWAYO)

ABANGANI ONGABADINGI EMPILWENI YAKHO

Wonke umuntu uyadinga ukuba nomngani empilweni yakhe. Abanye abantu abakwazi ukuphila kahle ngaphandle kwabangani. Kubalulekile ukubheka ukuthi abangani onabo uyabadinga yini empilweni yakho.

Wonke umuntu unezinkinga abhekene nazo mihla namalanga. Lezi zinkinga abangani bayathanda ukuxoxelana ngazo. Abangani abahlale bebalisa njalo ngokubi okwenzeka emsebenzini, kwezothando nasemindenini yabo, benza ungakujabuleli ubungani benu. Phela izinkinga zabantu ziyakhathaza.

Empilweni kunezinto oye uthembe abangani ngazo, ongafisi ukuthi zidlulele komunye umuntu. Abangani abangakwazi ukugcina izimfihlo kufanele uzame ukubagwema ngoba bazokuphula umoya. Ngokwenza njalo ungaphila impilo enokuthula.

Abanye abangani nithi niphilisana kahle bavele benze into ekushiya ujabhile. Kunabangani abakwehlisa isithunzi ngokungakuhloniphi, abakugxeka kukho konke okuhle okuzamayo ngisho niphakathi kwabantu. Phuma kulaba bangani, bazokonela impilo yakho.

Emhlabeni abantu baneziphiwo ezingafani kanti nendlela abenza ngayo izinto ihlukene. Awubadingi abangani abazohlale bencintisana nawe ngayo yonke into oyenzayo nonayo. Kufanele uhlale wamukela ukuthi kunabantu abayohlale bengcono kunawe.

Kunesikhathi lapho abantu kumele bakhule khona. Kukhona abangani abangakhuli ngokwempilo nangokomqondo, abangagcina bekwenza ukuthi ume ndawonye ungabi nalo ikusasa elihle. Lolu hlobo lwabangani lungakwenza ungaphumeleli empilweni.

Ukukhuthaza nokukhuthazana kuyadingeka phakathi kwabangani ngoba kusiza ukuthi uphumelele. Abantu baneziphiwo ezingafani, abangani abangawajabuleli amakhono, ulwazi namathalente abanye bakhombisa umona. Laba bangani akumele ubasondeze eduze kwakho.

Ukuxabana kuvamise ukwenzeka kubantu abangabangani. Kwesinye isikhathi kususwa ubala nje. Abangani abangayidlulisi ingxabano, abangaxoleli nababamba amagqubu isikhathi eside bayingozi kuwe. Kuhle ukukhuluma okusiphethe kabi ukuze kudlule enhlizweni yakho.

Zama ukukhetha kahle abangani!

[Umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: ISIKHANGISO

Bukisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

EKHONENI *Café*

PHUZA IKHOFI ELIKUNIKA UMFUTHO!

Sivula zonke izinsuku kusukela nge-06:00 kuya kwele-20:00

Shop 21 Msinga Mall

Thola ikhofi elishisa bhe ngaphansi kwemizuzu eyi-5.

Amanani ethu aphansi ngokumangalisayo.

Izinhlobo zamakhofi ethu zihamba zodwa emhlabeni jikelele:





- **Sisebenzisa ubisi olushisayo.**
- **Sisebenzisa ukhilimu omnandi.**
- **Sisebenzisa izinkomishi ezihambisana nohlobo lwekhofi.**







[Umbhalo wokuziqambela, izithombe zithathwe ku-inthanethi]

3.1 Kuvulwa amahora amangaki ngosuku Ekhoneni Café? (1)

3.2 Nikeza uhlobo OLULODWA lwekhofi ongaluthenga Ekhoneni Café. (1)

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Cezu luni lwenkulumo olubhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo?

Sisebenzisa ukhilimu **omnandi**:

A Isiphawulo
B Isibabazo
C Isandiso
D Isibaluli (1)

3.4 Sithini isiqubulo salesi sikhangiso? (2)

3.5 Hlobo luni lolimi oluqukethwe yilo musho olandelayo:

Izinhlobo zamakhofi ethu zihamba zodwa emhlabeni jikelele. (2)

3.6 Khipha isiqu segama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Amanani ethu aphansi ngokumangalisayo kule ndawo. (1)

3.7 Ngokucabanga kwakho kungabe yimaphi amasu asetshenziswe ukuheha abathengi kulesi sikhangiso? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
[10]

UMBUZO 4: IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Umbhalo wokuziqambela, ikhathuni ithathwe ku-inthanethi]

4.1 Yini ekhombisa ukuthi abantu abakule khathuni basenkantolo? Bhala OKUBILI. (2)

4.2 Yisiphi isizathu esenze ukuthi uJuba aboshwe ngokwenkulumo yommeli? (2)

4.3 Yini umsebenzi wenkosi yenkantolo? (2)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe echaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Ukumkhipha **kuzosidonsela amanzi ngomsele**:

A Ukuzikhipha ekukhulumeni.
B Ukuzikhipha ejele.
C Ukuzifaka enkingeni.
D Ukuzifaka emanzini. (1)

4.5 Bhala ubulili besifazane begama inkosana. (1)

4.6 Ngokucabanga kwakho, yikuphi okumele kwenziwe abomthetho ukuvimba inkinga yokuboshwa kwabantu kungafanele? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
[10]

UMBUZO 5: UKUSENTSHENZISWA KOLIMI

5.1 Bukisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO F (OFUNDWAYO)

Unesi Silawu unomoya omuhle. Usiza iziguli emtholampilo kule ndawo yaseMbube. Phela iziguli bezihlala lize liyoshona ilanga zingalutholi usizo. USilawu unolwazi olukhulu ngezifo ezahlukene ezihlasela abantu abadala. Impatho kaSilawu igqugquzela intsha eningi. Intsha iyakuthanda ukuba onesi. UHulumeni kufanele akhe eminye imitholampilo nezibhedlela ngoba le ndawo inabantu abaningi ngokweqile. Umlisa mumbe onamabhizinisi wabathembisa ukubaxhasa. Lo somabhizinisi uzobakhela amagumbi abantu abagula kakhulu. Abantu bangathola nemisebenzi ehlukene. Enye inkinga ngale ndawo ukuthi ama-ambulense nawo ayashoda kakhulu. Imigwaqo nayo idinga ukulungiswa. Abantu bathatha isikhathi eside ukufika emtholampilo. Sengathi amaphupho alo mphakathi angafezeka.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Bhala igama lesiZulu sangempela esikhundleni saleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Unesi Silawu unomoya omuhle. (1)

5.1.2 Gcwalisa izikhala ngesabizwana sokukhomba eduze esifanele kule misho elandelayo:

(a) Phela … ziguli bezihlala lize liyoshona ilanga zingalutholi usizo. (1)

(b) USilawu … unolwazi olukhulu ngezifo ezahlukene ezihlasela abantu. (1)

5.1.3 Qala lo musho olandelayo ngegama elibhalwe ngokugqamile:

Usiza **iziguli** emtholampilo. (2)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe esho uhlobo lwebizo olubhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

Phela kulo mtholampilo **iziguli** bezihlala lize liyoshona ilanga:

A Ibizonto
B Ibizomvama
C Ibizomuntu
D Ibizomfakela (1)

5.1.5 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.

Iziguli zidinga **usizo**. (2)

5.1.6 Hlanganisa le misho elandelayo ngesihlanganiso esifanele kube umusho owodwa:

Intsha iyakuthanda ukuba onesi.
Intsha iyazimisela ezifundweni zayo. (2)

5.1.7 Tomula inani kulo musho olandelayo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona:

Umlisa mumbe onamabhizinisi wabathembisa ukubaxhasa. (2)

5.1.8 Hlobo luni lwezakhi ezibhalwe ngokugqamile kula magama akule misho elandelayo:

(a) Lo somabhizinisi u**zo**bakhela amagumbi abagula kakhulu. (1)

(b) Abantu **ba**thatha isikhathi eside ukufika emtholampilo. (1)

5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO G (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Isithombe sithathwe ku-googlepics, umbhalo owokuziqambela]

5.2.1 Lungisa lo musho olandelayo ngokusebenzisa izimpawu zokubhala ezifanele:

Mameshane Uyaphi la (2)

5.2.2 Bhala umqondofana kula mabizo abhalwe ngokugqamile emshweni elandelayo:

(a) Vula **umnyango** sisi. (1)

(b) Susa **inja** izongiluma. (1)

5.2.3 Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe yilo musho olandelayo?

Uthi angiphume ngiyephi? (2)
[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80